Lesson 13

**Ndasa 24 – 30*

Imiphumela Yobunceku

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
2 Thim. 3:1-9; Heze. 14:14; Filipi. 4:4-13; Izaga 3:5; 1 Petru 2:11; Math. 7:23; 25:21.

Indimana Yekhanda:
"Nibe nenkambo enhle phakathi kwabezizwe, ukuze kuthi lapho benihleba ngokungathi ningabenzi bokubi, ngokubona imisebenzi yenu emihle badumise uNkulunkulu ngosuku lokuhanjelwa" (1 Petru 2:12).

Njengezinceku, asiphile njongofakazi bakaNkulunkulu esimkhonzayo, okusho ukuthi asibe nomthelela onamandla kulabo abasizungezile, umthelela wokulungileyo. Indaba yethu-ke ayingazicwecwi emhlabeni osizungezile. Kunalokho, sinelungelo lokubonakalisa indlela engcono yokuphila kulabo abangazazi izinto esiziphathisiwe. Ubunceku isenzo sokukhula ngesikhathi siqaphele ubizo lukaNkulunkulu lokuphila impilo engcwele. UNkulunkulu usinika ubuhlakani bokuphila ngendlela eyehlukile kunazo zonke emhlabeni (2 Kor. 6:17), futhi lokho kuyinto okufanele bayibone abanye abantu baze babuze ngayo. Ngakhoke, sitshelwa ukuthi: " Kepha mngcweliseni uKristu abe yiNkosi ezinhliziyweni zenu, nihlale ningabalungele ukubaphendula bonke abanibuza isizathu sethemba elikini, kodwa kube ngobumnene nangokwesaba" (1 Petru 3:15).

Lesifundo sokugcina sizobheka ukusizakala kwethu ngabanye, imiphumela enkolweni, imiphumela yempumelelo, umthelela wethu, kanye nalokho okwenza ukweneliseka empilweni yenceku, sazi ukuthi konke kungo "Krestu phakathi kwenu, ithemba lenkazimulo" (Kol. 1:27).

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ndasa 31.*

Ubunceku Nokwesaba uNkulunkuu

Ukwesaba uNkulunkulu yisihloko esibanzi. Abantu abesaba uNkulunkulu baphila impilo yobungcwele (Thithu 1:1), ukufana noKrestu ngomqondo wokuzinikela nezenzo ezimthokozisayo (IHubo 4:3, Thithu 2:12). Ukwesaba uNkulunkulu ubufakazi benkolo yeqiniso futhi bamukela isithembiso sokuphila kwaphakade. Ayikho indlela yokuphila, awukho umcebo, alukho udumo, awekho amandla, noma ukuzalelwa emafutheni okunikeza isithembiso esinje.

Funda ku 2 Thimothewu 3:1-9. Uxwayisa ngani lapha uPawulu oluthintene-ngqo nempilo yenceku ethembekile na?

_____

_____

Incwadi kaJobe ichaza isimilo sikaJobe nezenzo zakhe. Itshengisa indlela impilo yobungcwele eyembulwa ngayo, ngisho nasekuhluphekeni. Futhi itshengisa ukuthi uSathane uyizonda kangakanani leyondlela yokuphila. NoNkulunkulu uqobo uyavuma ukuthi babengekho abanye ababefana noJobe ngokuqina kokukholwa nendlela ayephila ngayo (Jobe 2:3). "Kwakukhona indoda ezweni lase Uzi, ogama layo linguJobe; lowomuntu wayengenasici, elungile, futhi emesaba uNkulunkulu, ezonda okubi" (Jobe 1:1). Kanjaloke sibona umuntu okukholwa kwakhe kwakungesikho-nje ukukhuluma ngomlomo noma amasiko enkolo, yize noma lokho kwakuyingxenye yempilo yakhe (Jobe 1:5). Ukwesaba kwakhe uNkulunkulu kwabonakaliswa empilweni yakhe yonke yobungcwele, naphakathi kokuvivinywa okwesabekayo. Ukuba ngcwele akusho ukuthi siphelele, kodwa kusho ukuthi sibonakalisa ukuphelela ezingeni esikulo thina.

Funda kuHezekeli 14:14. Yini okushiwo yilendimana, okufakazela isimilo salamadoda na? Yini leyo efanayo kubo bonke okumelwe ibonwe kithina sonke na?

_____

_____

_____

Ubunceku eqinisweni, ukubonakalisa impilo yobungcwele. Izinceku ezethembekile azinasimo-nje isimo sobungcwele. Zingcwele, futhi lobungcwele bubonakaliswa ngendlela eziphila ngayo, indlela eziphatha ngayo lokho uNkulunkulu aziphathise kona. Ukukholwa kwazo akubonakaliswa kuphela ngalokho ezikwenzayo, kodwa nangalokho ezingakwenzi.

Ukweneliseka

"Akusikho ukuthi ngisho maqondana nokuswela, ngokuba mina ngifundile ukuba nganeliswe noma ngihlezi kanjani" (Filipi 4:11). Uma sifuna ukweneliseka kunoma yisiphi isimo esizithola sikuso, kufanele kuvelephi lokho kweneliseka na?

_____

_____

_____

Ebhalela uThimothewu, uPawulu uchaza isigejana sabantu abangalungile "ukumesaba uNkulunkulu kuyindlela yenzuzo" (1 Thim. 6:5). Iyiphi indlela engaba ngcono kunalena yokuchaza abanye abashumayela komabonakude namhlanje? Benza izizumbulu zemali betshela abalaleli ukuthi uma-nje bethembekile (lokho kwethembeka kuhlanganisa nokweseka ibandla), abalaleli bazoceba nabo? Ukulinganisa ukuceba nokwethembeka enye indlela ebonakalisa ukuthanda izwe kodwa ecashe ngobuKrestu.

Iqiniso ukuthi ukwesaba uNkulunkulu akunalutho lokwenza nengcebo. Ukuba bekunjalo, ngabe abanye abantu ababi kakhulu emhlabeni bekungathiwa besaba uNkulunkulu ngoba babalwa phakathi kwezicebi ezinkulu. Kunalokho, uPawulu waphendula ngokuthi "ukumesaba uNkulunkulu kanye nokwaneliswa kuyinzuzo enkulu" (1 Thim. 6:6). Ukwesaba uNkulunkulu okuhambisana nokweneliswa phansi kwanoma yiziphi izimo, iyona ngcebo enkulu ngoba umusa kaNkulunkulu uyigugu elikhulu kakhulu kunenzuzo yemali. Ngakhoke, aseneliswe "ngokudla nezambatho" (1 Thim. 6:8). Ekugcineni, noma ngabe sinamalini, siyolokhu sifuna ukuthola enye uma sizifundise kanjalo.

"Ukweneliseka ngaphansi kwazo zonke izimo yikhono elikhulu, imfihlakalo yenkolo. Kudinga ukufundwa, kufundwe njengemfihlakalo….ukweneliseka kobuKrestu ukuba nalowo moya omnandi, wangaphakathi, othulile, ozithoba ngokukhululeka futhi ujabulele ukusho kukaNkulunkulu kokuhlakanipha kuzo zonke izimo. …kuyibhokisi lamafutha ayigugu, aphatha umuntu kahle, nalusizo ezinhliziyweni ezikhathazekile, ezikhathini nezimo ezilukhuni."—Jeremiah Burroughs, *The Rare Jewel of Christian Contentment,* amakhasi 1, 3.

Funda kumaRoma 8:28, Heberu 13:5, noFilipi 4:4-13. Singatholani lapha okungasisiza siphile impilo yokweneliseka?

_____

Ukwethemba

Funda Izaga 3:5. Singathola siphi isigijimi esibalulekile lapho, kakhulukazi indawo yokugcina, ngokwencika kokwethu ukuhlakanipha? (Bheka noIsaya 55:9, 1 Kor. 4:5, 13:12.)

Isiqubulo nenjongo yezinceku zikaNkulunkulu "ukwethembela eNkosini ngenhliziyo yakho yonke, ungenciki kokwakho ukuhlakanipha" (Izaga 3:5). Kodwa izikhathi eziningi, kulula ukusho njalo kunokwenza. Kukangaki sivuma ngengqondo ukuthi siyakholwa kuNkulunkulu nothando lwaKhe nokusinakekela kwaKhe, kodwa sizikhathaza size sigule ngento ethile esibhekene nayo? Ngesinye isikhathi ikusasa lingabukeka lethusa kakhulu emicabangweni yethu. Manje-ke thina zinceku, singafunda kanjani ukwethembela kuNkulunkulu na? Ngokusukuma ngokholo, silalele uNkulunkulu kukho konke esikwenzayo manje. Ukwethemba into eyenziwa yingqondo engakhathaziwe ukusetshenziswa kakhulu; ngakolunye uhlangothi, uma siqhubeka nokwethemba uNkulunkulu, kulapho ukwethemba kwethu kuzokhula. Ukuphila njengezinceku ezethembekile indlela yokuzwakalisa ukwethemba kwethu uNkulunkulu. Lokhu kwethemba kuyisisekelo senceku namandla angemuva kwayo, futhi kubonakala ngalokho esikwenzayo.

"Themba kuJehova ngayo yonke inhliziyo yakho." Amazwi athi "inhliziyo yakho" asetshenziswa njengomfanekiso njalo eBhayibhelini. Asho ukuthi izinqumo zethu ziphuma emntwini ongaphakathi owazi okuhle nokubi, owakha lokho esiyikho (Math. 22:37). Lokhu kuhlanganisa nesimilo sethu, izinhloso zethu kanye nezinjongo zethu—leyonto esiyiyo. Kulula ukwethemba uNkulunkulu ngalezo zinto esingakwazi ukuzilawula. Kuleso simo, ayikho enye into esingayenza ngaphandle kokumethemba. Esikhundleni salokho, ukwethemba kweqiniso "okusuka enhliziyweni" yilapho kufuneka sikhethe maqondana nento esingayilawula, nalapho ukwethemba kwethu uNkulunkulu kuzosenza sikhethe lokhu noma lokhuya. Abaphostoli batshengisa ukwethemba uNkulunkulu ngazo zonke izihliziyo zabo: "Ngokwemvelo, babebuthakathaka njenganoma ubani osemsebenzini manje, kodwa babeka konke ukwethemba kwabo kuNkulunkulu. Ingcebo babenayo, kodwa kwaku ukuqeqesheka kwengqondo nomphefumulo; futhi wonke umuntu angaba nakho lokho uma bebeka uNkulunkulu kuqala nasekugcineni, abe muhle kuyo yonke into."—Ellen G. White, *Gospel Workers*, ikhasi 25.

Yiqiniso ukuthi kulula ukwethemba uNkulunkulu ezintweni ongakwazi ukuzilawula. Kodwa kulezo ongazilawula ke? Ungadinga ukwenza kukhetha kuni lapho ukwethemba kwakho uNkulunkulu kuzosho ukuthi ukhetha yiphi indlela na?

Umthelela Wethu

"Ngokuba kade naningubumnyama, kepha manje ningukukhanya eNkosini" (Efesu 5:8). UPawulu uchaza ukuguqulwa kwenhliziyo njengalokho okubonwa ngumphakathi: Njengoba "sihamba ekukhanyeni" (1 Johane 1:7, Isaya 30:21), ukufakaza kwethu kwansuku zonke ngobunceku kuzokuba nomthelela wokukhanya emhlabeni onobumnyama. UJesu wathi: " 'Mina ngingukukhanya kwezwe' " (Johane 8:12). Sibonakalisa ukukhanya kukaNkulunkulu ngesimilo esizinzile ekuziphatheni kwethu kwemihla ngemihla.

Ubunceku bethu bubonakala kanjani ngendlela eletha udumo kuNkulunkulu na? Izenzo zethu zinamthelela muni kwabanye? Math. 5:16, Thithu 2:7, 1 Petru 2:11, 12.

Ubunceku kuphathelene nokugcina kahle impahla kaNkulunkulu, kodwa kuyaqhubeka lapho. Ubunceku bethu kubukiswa ngabo phambi kwemindeni yethu, imiphakathi yethu, umhlaba, nendalo yonke (1 Kor. 4:9). Ubunceku uma sibuphila nasemsebenzini, butshengisa umphumela owenziwa yizimiso zombuso empilweni yethu. Kanjalo-ke, singaba nomthelela kwabanye abantu. Sibonakalisa uKrestu ngobumnene nokuziphatha kahle, okuyizinto ezamukelekayo kuMdali. Nobuqotho emsebenzini abuvumelane nezimiso zethu zobunceku. Indawo yokusebenza iyishashalazi lapho ubunceku bomuntu olungile bubonakala khona. "Uzakuhlalukisa ukulunga kwakho njengokukhanya, nokufanele wena njengemini" (IHubo 37:6). Umthelela wenceku nasemsebenzini "awubekiwe esithe nangaphansi kwesitsha' " (Luka 11:33), kodwa sibonakala njengomuzi osegqumeni (Math. 5:14). Njengoba uhlose ukuphila ngalendlela ekhaya nasemsebenzini, uzokuba nomthelela ezingqondweni nezinhliziyo zalabo abakuzungezile. "Yonke into endalweni inomsebenzi wayo, futhi ayikhonondi ngalowo msebenzi. Kwezenkolo, wonke umuntu wesilisa nowesifazane unowakhe umsebenzi oqondene naye ngqo. Inzuzo efunwa nguNkulunkulu iyolingana namathalente umuntu anikwe wona ngokwesilinganiso sesipho sikaKrestu…. Manje kuyisikhathi sakho nelungelo…bonakalisa ukuzinza kwesimilo esizokwenza ube nokufaneleka kwangempela. UKrestu unelungelo lokuthi umkhonze. Zinikele kuYe ngenjabulo."—Ellen G. White, *This Day With God,* ikhasi 243.

Ubuqotho bakho emsebenzini bunamthelela muni kulabo osebenza nabo noma labo abakubona ekhaya? Uthumela umyalezo othini kubona ngenkolo yakho na?

Amazwi Esifunayo (Nesingafuni) Ukuwezwa

Siyizihambi nabafokazi emhlabeni, kukhona izulu elihle, elingenasici, elinokuthula, esiphokophele kulo (Heb. 11:13, 14). Ngaphambi kokuthi sifike khona, sidinga ukuphila lapha. Indlela amaKrestu abuka ngayo umhlaba, kakhulukazi njengoba sibona kulempikiswano enkulu, ayivumi ukuthi kube khona umuntu ophakathi nendawo. Kukabili: siphilela uNkulunkulu, kungenjalo siphilela isitha. " 'Ongenami umelene nami, ongabuthi nami uyahlakaza' " (Math. 12:30). Ukuthi sisohlangothini lukabani, kuyovela ngokusobala ekubuyeni kwaKhe.

Ngesikhathi thizeni ngemuva kokubuya kukaKrestu, labo ababethi bayamlandela bayokuzwa elinye lamazwi amabili. Yimaphi lawo mazwi, futhi lilinye lisho ukuthini?

Math. 25:21 _____

Math. 7:23 _____

Amazwi kaKrestu athi: " 'wenze kahle' " yiwona athokozisa kakhulu nawenelisayo angezwiwa yinceku. Ukuzwa ukunconywa okungenamibandela kushiwo ngenxa yemizamo yethu yokuphatha kahle impahla yaKhe kuyoletha injabulo engenakulinganiswa ngokwenza okusemandleni ethu ngokwamakhono ethu, ngokwazi sonke isikhathi ukuthi ukusindiswa kwethu akugxilile emisebenzini yethu esiyenzela uKrestu, kodwa kuKrestu osisebenzelayo (Bheka amaRoma 3:21, Roma 4:6). Impilo yenceku ethembekile iyisibuko sokukholwa esinayo vele. Ukuzama ukusindiswa ngemisebenzi kubonwa emazwini alabo ababezama ukuzikhulumela phambi kukaNkulunkulu ngemisebenzi yabo (bheka kuMath. 7:21). UMathewu 7:23 uyatshengisa ukuthi lokho kuzikhulumela kuyize kangakanani.

"Uma abalandeli bakaKrestu bebuyisela eNkosini okungokwayo, bazibekela ingcebo abayonikwa yona uma sebezwa amazwi athi: 'Wenze kahle, nceku enhle nethembekile;… ngena ekujabuleni kweNkosi yakho.' "—Ellen G. White, *The Desire of Ages*. Ikhasi 523. Ekugcineni, ubunceku yimpilo ephilwayo lapho khona imiyalo emibili emikhulu kunayo yonke, ukuthanda uNkulunkulu nokuthanda umakhelwane, kuyiyona esiqhubayo kukho konke esikwenzayo.

Impilo yakho nobunceku obubonakala empilweni yakho, kuyiveza kahle kanjani lemiyalo emibili emikhulu na?

_____

Ukujula Nomcabango: UKrestu weza kulomhlaba ukuzokwembula uthando lukaNkulunkulu. Abalandeli baKhe abaqhubeke nomsebenzi awuqala. Asizamele ukusiza nokuqinisa omunye nomunye. Ukufunela abanye okuhle iyona ndlela intokozo yeqiniso engatholakala ngayo. Umuntu akaphikisani nezifiso zakhe ngokuthanda uNkulunkulu nabanye abantu. Ngokungazicabangeli yena, kulapho ezothokoza kakhulu ngoba ugcwalisa injongo kaNkulunkulu kube eyakhe."—Ellen G. White, *Counsels on Steardship,* amakhasi 24, 25. "Nomaphi lapho kukhona ukuphila ebandleni, kukhona ukwanda nokukhula. Kukhona futhi nokushintshisana okuqhubekayo, ukwamukela nokubuyisela kuNkulunkulu okungokwaKhe. Kuye wonke umuntu okholwa ngeqiniso uNkulunkulu unika ukukhanya nesibusiso, bese lowo okholwayo aphe abanye emsebenzini awenzela uNkulunkulu. Njengoba ephana ngalokho akwamukele, umthamo wakhe wokwamukela uyakhula. Kuvuleka isikhala sokwamukela umusa omusha neqiniso. Uzothola ukukhanya okucace nangaphezulu kanye nolwazi oluthe xaxa. Kulokhu kuphana nokwamukela, kwencike impilo nokukhula kwebandla. Lowo owamukelayo kodwa engaphi, kungekudala akazukwamukeliswa. Uma iqiniso lingagelezi liphuma kuye liye kwabanye, ulahlekelwa amandla okwamukela. Asiphaneni ngezimpahla zasezulwini uma sifuna ukwamukela isibusiso esisha."—Ellen G. White, *Counsels on Stewardship,* ikhasi 36.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Ukwethembela kuNkulunkulu kuholela kanjani ekwenelisekeni na? Kuthathani ukwethemba uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yakho ngokwengqondo na? 2 Kor. 10:5. Kungani kulula kangaka ukuthi "konke kusebenzelana kube ngukulunga" (Rom. 8:28) kodwa kube lukhuni ukukukholwa? Kungani sithi siyamethemba uNkulunkulu, nangempela simethemba ngokomqondo, kodwa silesabe kangaka ikusasa?

2. Eklasini, buza lombuzo, bese uqhathanisa izimpendulo: "Ngokusebenzisa amagama angu 25 noma angaphansi, ungabuchaza uthini ubunceku?" Manje-ke buza lombuzo: "Ngamagama angu 25 noma ngaphansi, kungani ubunceku buyingxenye ebalulekile yempilo yobuKrestu na?"

3. Phinda ufunde kuMathewu 7:21-23. Kwenzekani lapha? Labantu bakushiso yini lokhu abakushoyo? Asitshelani amazwi abo ngabo? Singaqiniseka kanjani ukuthi—noma-nje sifuna ukuba yizinceku ezinhle, noma-nje sifuna ukuphila impilo yokukholwa nokulalela, noma-nje sifuna ukwenza imisebenzi emihle egameni likaNkulunkulu—asiweli enkohlisweni efanayo?

4. Sivame ukucabanga ngomthelela wobuKrestu ezingeni lomuntu ngamunye kuphela. Kodwa sithini ezingeni lebandla lakho na? Linomthelela onjani ibandla lakho lonkana emphakathini na?